HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA 2019

ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA

IBANGA LESHUMI ( GRADE 10)

IPHEPHA LESIBILI( PAPER 2)

MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY

ISIKHATHI : 2 AMAHORA AMAMAKI: 70

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuliphendula.
- Phendula yonke imibuzo ekuleli phepha.
- Bhala upelomagama olufanele.
- Bhala ngolimi lwesiZulu.
- Bhala umsebenzi wakho ngobunono.

**ISIQEPHU A : INOVELI**

**ELOKUFA ALITSHELI – M.M. Ndlovu**

1. Funda lezi ziqeshana EZIMBILI bese uphendula imibuzo elandelayo NGEMISHO EPHELELE.

" Uyohamba usinda Sathane.Kuzokuqoqa ukuhlwa , ngizokubona ukuthi uzolala kuphi." Uklabalasa nje uMahlase usebambelele edanda ubuka uVela owaba ngukubona ukuthi usemshiye ngokwanele uyise , wahlukana nokugijima , wazishayela kancane sengathi akwenzeke lutho.

" Ulibambe lingashoni nawe khehla ndini! Ngiyabuya ntambama, ngikhathele ngukubhonywa nguwena.Ucabanga ukuthi ngiyimbongolo yakho? Nx!" esho ekhomba ngomunwe usuze wathi ukubuya kancane, esethukuthele wathelwa ngamanzi ngenxa yeminjunju yemivimbo eyayinsonsotha umzimba wonke.

" Yeyi wena doti ukusho kubani lokho? Ubuza nje uzama ukuya ngakuVela owaba ngukubona ukuthi nangu eza uyise wafulathela.UMahlase waswela amandla okugxuma ahlale kuVela owayemsongela, nomakhelwana sebebuka ibhayisikobho yamahhala kuyise nendodana.

Wabuya lapho uMahlase waqonda ngqo endlini elala uVela .Wafika khona wadonsa isicabha esasihuhuluza phansi wasihluthulela.

" Ngifuna ukumbona ukuthi uzolala kuphi lo doti.Ngikhathele nguyena."

Wasuka lapho wanikela lapho kuhleli khona umkakhe uMaZwide owayeyibuka yonke ingxabano phakathi komyeni wakhe nothumbu wakhe **owayengaconsi phansi.**

1.1. Ubani igama lalona okuthiwa uyohamba esinda? (1)

1.2. Ubani isibongo saleli khehla okuthiwa nalo lilibambe linga-shoni? (1)

1.3. Bahlobene kanjani laba ababili abamemezanayo? (2)

1.4. Kwenzekeni lena eyenza basongelane laba ababili? (2)

1.5. Lesi yisiqalo sodweshu oluqhubeka kule ndaba. Vuma noma uphike bese wesekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI . (3)

1.6. Tomula umusho osesiqeshini okhombisa ukuthi uVela wayeshayekile, ezwa ubuhlungu, uwubhale phansi. (2)

* 1.7. Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana
....nothumbu **owayengaconsi phansi.** (2)

1.8. Ukuthi uVela unguthumbu kuchaza ukuthi;

A. ingane yokuqala kwabo

B. ingane yokugcina kwabo

C. yingane ephakathi nendawo kwabo (1)

1.9. Kusho ukuthini ukuthi omakhelwana babuka ibhayisikobho Yamahhala? (1)

Wangena esangweni lakubo ephethe imifuqulu okwendodana yolahleko.Engqondweni yakhe kwabuya isithombe mzukwane uyise embhaxabulela ukuthi uhuqana nensangu emzini wakhe.Wayewakhumbula kahle amazwi kayise mzukuwane emmemeza ethi," Uyohamba usinda Sathane.Kuzokuqoqa ukuhlwa , ngizokubona ukuthi uzolala kuphi.Wazizwa eshaywa ngamahloni uma esezibona ukuthi sekumqoqe ngempela ukuhlwa.Wayeyikhumbula kahle nempendulo ayephendule ngayo uyise: " Nawe ulibambe lingashoni , ngiyabuya ntambama ngikhathele ukubhonywa nguwena." Wayiphebeza leyo micabango esesondela ngasendlini eyayivalwe mbe iminyango.Wayelokhu ejeqeza ungwengwe olwase lwenile nezimbali sezikhulelwe ngukhula.Kuzomele alinqume lolu ngwengwe , alungise nengadi yezimbali uma esemxolele ubaba wakhe.

Wangqongqoza kwathi nya impendulo.Waqala ukusola uma elokhu engqongqoza kodwa kungekho mpendulo.Wajeqeza macala onke kodwa wangabona muntu owayengamnika usizo.Wasondela kwamakhelwane ukuze athole nokhiye uma ngabe uyise wayewushiye khona.

Umakhelwane wakubo wamlandisa lonke udaba kusuka ekuqaleni kuze kufike esiphethweni.Umakhelwane wayehlengezela izinyembezi ngisho eyilanda indaba kubonakala ukuthi iyamcasula le ndaba.

1.10. Kungani abantu baseWembezi bembuka ngokumesaba uVela? (1)

1.11. Yini enomehluko omkhulu ngoVela owayaziwa phambilini? (2)

1.12. Uphumaphi uVela njengoba efika ekhaya kubo? (2)

1.13. Wayenzeni uVela le eze yamfaka ejele. Xoxa ngamaphuzu **amabili.** (4)

1.14.Wayeye kuphi uMaZwide ongumama kaVela ngaleli langa? (1)

* 1.15. Ludaba luni lolu umakhelwane aluxoxela uVela.Xoxa ngamaphuzu **amabili.** (4)

1.16. UVela uyazisola ngezenzo zakhe.Vuma noma uphike bese wesekela impendulo yakho. (2)

1.17. Ngokubona kwakho ubani owenza uVele aziphathe ngale ndlela embi? (2)

1.18. Uthole sifundosini kule ndaba? (2)

**[35]**

UMBUZO 2

IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU ihlelwe u- N.G.SIBIYA

2.Phendula **yomibili** imibuzo 2.1.no 2.2. kulesi siqephu.

2.1. INDANDATHO

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo **ngemisho ephelele.**

Cha, ngisenkingeni ngempela . Indoda engangiphupha ngayo yonke le minyaka ,yona kanye le esanda kungicela ukuba ngiyishade , yona Kanye le engenze ngaba umuntu wesifazane othokoze ukubedlula bonke emhlabeni iminyaka emithathu yonke sithandana, yona kanye le

ebiguqe ngedolo kuthangi icela ukuba ngiyishade, namuhla ingitshela insambatheka!

" Indandatho yomshado wena uzoyifaka kulesi sandla sokudla ngoba angizukuyikhipha lena engayifakwa ngunkosikazi wami esandleni sami sobunxele." Akazimesele nje ukuyikhipha le ndandatho kankosikazi wakhe wokuqala.Siyaqala ukungaboni ngaso linye kuze kushube kube nje.Ezikhathini eziningi ubeba nozwelo ngento engihlukumezayo, abeke mina nokungangijabulisa phambili bese konke okunye kuze kamuva.Kodwa hhayi kulolu daba.Kungikhanyela kabuhlungu ukuthi le mpi angisoze ngayinqoba.

Ngase ngikade ngalilahla ithemba lokuthi ngiyoke ngihlangane noMr. Right.Empeleni ngase ngingasayikholwa indaba yokuthi kukhona into ebizwa ngoMr. Right.Sengineminyaka engamashumi amathathu nanhlanu, khona bese kucaca ukuthi sase sikade sagejana naye ngandledlana thize uma kuwukuthi kwakuke kwaba khona owami.Kule minyaka engikuyo sekulukhuni ukuthola umasihlekisane, kangakanani-ke ngomasithandane!

2.1.1. Ubani igama lalona osenkingeni ? (1)

2.1.2. Nkingani le abhekene nayo? (2)

2.1.3. Ubani igama lomlisa othi akazukuyikhumula indandatho yowabe engumkakhe? (1)

2.1.4. Sebethandane iminyaka emingaki laba ababili? (1)

2.1.5. Uneminyaka eminyaka owesifazane obalisa kulesi siqephu? (1)

2.1.6. Wayesebenza msebenzi muni lona obalisa lapha? (1)

2.1.7.Hlobo luni lodweshu analo lo obalisayo? Sekela impendulo

yakho. (3)

2.1.8.Bhala **okubili** okwenza uLondiwe angathandi ukumdedela lo mlisa? (2)

2.1.9.Umama kaLondiwe wameluleka wathini ngalolu daba? (2)

2.1.10. Wayenezingane ezingaki uNjabulo? (1)

2.1.11. Uma wawunguLondiwe , wena wawuyothatha siphi isinqumo ngoNjabulo? (2)

**[17]**

2.2. LIYADUNGUZELA – Ntozo Khwela

Sekuphele namandla okukhala kumntwana, sekusele isihosho nesibibithwane nje kuphela .Izwi alisaphumi nhlobo . Uyaqhaqhazela umzimba wonke kuze kunyakaze ngisho izindebe zomlomo sakuvevezela.Useyisidumbu uqobo lwaso.

" Sizwe ukuquma , Mama, ngenkathi siyolanda iduna ebeligaxele esihlahleni esinameva ngalapho kunomsele ngakhona," kuchaza uKhumbulani ngezinyembezi.

" Ngiyazisa ngengane yami bakithi," kusahayiza yena uMaNgema belu.

" Ngethuke ngacishe ngaquleka uma ngibona ukuthi kanti uNonto lona osenje.Futhi besingeke size simthole nhlobo ngoba ubeboshwe ngeduku emlonyeni ukuze angakwazi ukumemeza"

" Iduku emlonyeni? Ake nizwe nje bakithi.Ngoba enzeni nje umntanami?"

" Kusobala ukuba sike sephuza kancane ukufika besomthola ese..."

Ahluleke ukuqhubeka uKhumbulani, asiqale phansi isililo esecabanga ukuthi kusale kancane ngempela ukuba bamfice eseyisidumbu uNtokozo.

Lapho- ke usewuqanduqandu unina,undiza igceke lonke.

" Hawu , Thixo osemazulwini , yini kodwa ngilingwe kanje?" ekhala.

2.2.1.Ubani lo mntwana osekuphele kuye amandla okukhala? Libhalle ngokugcwele igama lakhe. (1)

2.2.2.Utholakalephi lo mntwana? (1)

2.2.3. Utholwe ngubani lo mntwana ? (1)

2.2.4. Umabani umama wale ngane? (1)

2.2.5. Eyakwabani imoto eyahambisa umntwana esibhedlela? (1)

2.2.6. Ubani igama lomuntu owayaziwa ngokuthandwa yizingane? (1)

2.2.7. Yayenziweni le ngane oluyenza ibe kulesi simo? (2)

2.2.8.Uyise wontwana wayengowakwabani? (1)

2.2.9.Wayesebenzaphi uyise wale ngane? (1)

2.2.10.Yini eyenziwa yile ngane isiphume esibhedlela eyayiwuphawu lokuhlukumezeka kakhulu. (2)

2.2.11.Shono ukuthi amaphoyisa akuvumbulula kanjani ukuthi uMshanami ogile imikhuba enganeni.Bhala amaphuzu **amabili**(4)

2.2.12.Uthola sifundo sini kule ndaba? (2)

**[18]**

**AMAMAKI ESEWONKE : 70**